ISIMEMO SEZIPHAKAMISO

NO. INKWEST/09/10: UKUTHOLAKALA KOMHLABA - ERVEN 9, 12 & 323 WESTRICH UKUZE USETSHENZISELWE UKUQHUBA IBHIZINISI

Uphiko lwakwa-Economic Development kanye ne-INK AMB URP bamema izinkampani zabakhi ezinamakhono nobuchwepheshe obufanele ukuba zilethe iziphakamiso ezichazayo ukuthi zizokwakha kanjani kulezi ziza ezichazwe ngenhla ngenjongo yokuthuthukisa umnotho kulezi zindawo. Abafaka izicelo kufanele ukuba bakhombise eziphakamisweni zabo ukuthi lokhu abakuhlongozayo kuzoba naliphi igalelo ekuthuthukisweni kwengqalasizinda yomnotho yale ndawo ye-INKW ((Inanda, Ntuzuma, KwaMashu, Westrich), ikakhulukazi ngasohlangothini lezamabhizinisi. Kufanele ukuba iziphakamiso zifake nokwakhiwa kwenxanxathela yezitolo njengomgogodla walokho okuphakanyiswayo kanye nezinye izakhiwo ezihlobene nalezi ezibandakanya ezohwebo nemizi. Imibhalo yaleli thenda ikhokhelwa idiphozi engeke ibuye eyi-R1000 okufanele ikhokhwe ngesheke elibhalwe ukuthi likhokhela uMasipala weTheku, kanti le diphozi iyofuneka uma kulandwa imibhalo yethenda. Umhlangano wabafisa ukufaka iziphakamiso, okuyimpoqo ukuwethamela, uzoba ngo-10:00, mhlaka 2010-01-15 emahhovisi e-INK ABM URP, asekhoneni likaMalandela Road noNtombela Road, kwa-E1139, KwaMashu, kuyobe sekuqhutshekelwa kulezi ziza esiphambanweni sikaDumisani Makhaye Highway (P577) kanye noNtuzuma Main Road. Amathenda alethwe abangezanga kulo mhlangano ayokhishelwa ngaphandle uma sekuhlungwa. Zonke izicelo ezibhalwe ngokucacile ukuthi "Call for Proposal No. INKWEST/09/10 Proposed Alienation of Land for Commercial Purposes - Erven 9, 12, 323 Westrich" kumele zilethwe ngezimvilophi ezivaliwe noma zithunyelwe nge-courier service kuleli kheli: Attention: Mr S'busiso Dlamini, Tender Box, 6th Floor, City Engineers, 166 KE Masinga (Old Fort) Road, Durban, 4001, zifike engakashayi u-16:00, ngoLwesihlanu, mhlaka 2010-02-26. Eminye imininingwane itholakala kuMnu. S'busiso Dlamini kulezi zinombolo zocingo: 031 311 4617/ 4251 noma kuleli kheli le-email: *dlaminisibusiso@durban.gov.za*

INOMBOLO YETHENDA HRE 246F

UKUDAYISWA NGETHENDA EVULEKELE UWONKEWONKE KWESIZA SOMUZI OKWAKHIWE KUSONA ESIKWANOMBOLO 18 HAIG ROAD, REDHILL

Ikheli: 18 Haig Road, Redhill
Incazelo: Portion 5 of Erf 598 Duikerfontein
Inani okuqalwa kulo: R500 000
Ubukhulu: 1 328m²
Ukuklanywa: Special Residential
Idiphozi: 20% wentengo amabhidi okufanele aqale kuyona (R100 000)
Imibhalo yamathenda itholakala ehhovisi lika-Cashier, Ground Floor, City Engineers' Building, 166 KE Masinga Road (phambilini obewaziwa ngo-Old Fort Road), eThekwini. Qaphela ukuthi ukuhlungwa kwaleli thenda kuzokwenziwa ngokomgomo walo Masipala wokunika amathuba labo abebencishiwe esikhathini esedlule. Abafaka amabhidi kufanele bakhokhe idiphozi engu-10% (wentengo amabhidi okufanele aqale kuyona). Lowo nalowo mqulu wamafomu aleli thenda olandwayo ukhokhelwa imali engeke ibuye engu-R100. Ukubonwa kwalesi siza, okungaphoqelekile ukuba kwenziwe, kuzokwenziwa mhla ka 2009-12-09, kusukela ngo-9:00 kuya ku-12:00 kanye nangomhla ka 2010-01-08, kusukela ngo-9:00 kuya ku-12:00. Leli thenda lizovalwa ngo-11:00 ngoLwesihlanu, mhla ka-2010-01-22, okuwusuku amathenda afakiweyo ayovulwa ngalo phambi kwabantu. Eminye imininingwane itholakala kuBraveman Hlubi noma kuDumi Makhetha kulezi zinombolo zocingo 031-311 4374 noma 031-311 4324, ngezikhathi zokusebenza ezejwayelekile.

Dkt. MO Sutcliffe
IMenenja yeDolobha

ISAZISO

ISICELO SOKUGUNYAZWA NGOKWEZEMVELO UKUZE KUSHINTSHWE UKUSETSHENZISWA KWENDAWO ENGU-ERF 503 KWAMASHU KWA-G EKUBENI YINDAWO YEZIMFANELO ZOMPHAKATHI IBE YINDAWO YEZIMBONI EZINCANE KANYE NOKWAKHIWA KWESIKHUNGO SAKWAMASHU SEZAMABHIZINISI

Ngaphansi kwemigomo yemithetho kazwelonke yokuhlaziya umthelela kwezemvelo eyamenyezelwa ngaphansi komthetho wezokuphathwa kwezemvelo kuzwelonke (Umthetho 107 ka-1998) (GN R385/2006, GN R386/2006, GN R719/2009), kudingeka ukufakwa kwesicelo sokugunyazwa ngokwezemvelo, ngaphansi kombandela wokuthi kwenziwe ucwaningo ngomthelela kwezemvelo, ukuze kushintshwe ukusetshenziswa kwendawo engu-ERF 503 kwaMashu kwa-G ekubeni yindawo yezimfanelo zomphakathi njengoba kuchaziwe emithethweni yokuhlelwa kwelokishi emidala kanye nokwakhiwa kwesikhungo sakwaMashu sezamabhizinisi esizoba nendawo yokuthuthukisa amabhizinisi azimele, indawo yosomabhizinisi abancane kanye nesikhungo sokufukamela osomabhizinisi abancane bemboni yokhuni nefenisha. Inkampani yakwa-FutureWorks! iqashwe umnyango wezokuthuthukiswa komnotho ngaphansi kukaMasipala waseThekwini njengabasebenzi bokucubungula imithelela kwezemvelo ukuba benze isicelo ngokufanelekile. Kumenywa bonke abanothando nabathintekayo babhalise bese bephawula ngokubhala phansi imibono nezikhalo zabo zilethwe ungakedluli umhla wama – 20 kuZibandlela (December) 2009 bayibhekise kuleli kheli:
Michael van Niekerk
FutureWorks!
PO Box 2221, Everton, 3625
Ucingo: 031 764 6449, Ifeksi: 031 764 4907; e-mail: *michael@futureworks.co.za*

ISIMEMO SEZIPHAKAMISO

INKONTILEKA 1A-4790: INKONTILEKA YOKUNCIPHISA IZINDLEKO ZEZINGCINGO IZINYANGA EZINGAMA-24

UMasipala weTheku udinga isiphakamiso sokumnciphisela izindleko zokushaya izingcingo emahhovisi akhe zishayelwa:
• EThekwini namaphethelo (ezingcingweni zakwaNeotel nakwa-Telkom)
• Ngaphandle kweTheku
• Kwamanye amazwe
• Kumaselula (akwa-MTN, Vodacom nakwa-Cell C)
Umbhalo ochaza kabanzi ngalo msebenzi utholakala kule-website kaMasipala weTheku: http://www.durban.gov.za/durban/government/scm/public
Iziphakamiso kufanele zibhekiswe kuleli kheli: The Head: GIPO: "RFP: Provision of least cost routing contract for a twenty-four month period – Enquiry 1A-4790" bese zifakwa and ebhokisini lamathenda elise-Ground Floor, Municipal Building, 166 K.E. Masinga (Old Fort) Road, eThekwini, engakadluli u-11:00, mhla ka 2010-01-22. Ngeke zamukelwe iziphakamiso ezithunyelwe nge-email.

ISIMEMO SAMATHENDA

INKONTILEKA S.3739: UKUTHENGISELA NOKUDILIVELA UMASIPALA AMA TRAFFIC SIGNAL LIGHT EMITTING DIODES MODULES (LEDS) IZINYANGA EZIYI-12

Kumenywa amathenda okuthengisela nokudilivela uMasipala ama-Traffic Signal Light Emitting Diodes Modules (LEDs) ngaphansi kwemibandela nenqubo ebekwe yi-eThekwini Transport Authority embhalweni waleli thenda. Kungenzeka kufakwe ama-oda amaningi ngesikhathi esisodwa ngesikhathi sale nkontileka. Imibhalo yamathenda itholakala ehhovisi likakheshiya eliseBasement, Engineering Unit, 166 KE Masinga (Old Fort Road), eThekwini kanti ikhokhelwa u-R250. Imibuzo ingabhekiswa kuMnu. R. Freitas, eThekwini Transport Authority, kule nombolo yocingo: (031) 311 7667. Amathenda (elilodwa kanye nekhophi) kumele afakwe ezimvilophini, zivalwe, zibhalwe ngaphandle ukuthi eThekwini Transport Authority, "Enquiry S.3739: Supply and delivery of Traffic Signal Light Emitting Diodes Modules (LEDs)" bese zifakwa ebhokisini lamathenda elilapho kwamukelwa khona izivakashi, eGround floor, Municipal Buildings, 166 KE Masinga Road (phambilini obewaziwa ngo-Old Fort), hhayi kunoma yimuphi omunye umnyango kaMasipala, engakadluli u-11:00 mhla ka 2010-01-15. Ukufundwa kwamathenda kuzoba e-Boardroom, ese-6th floor, Engineering Unit, 166 KE Masinga Road.
AbaseThekwini Transport Authority abayuthwala cala ngamathenda afike emva kwesikhathi ngenxa yokubambezeleka eposini nezinye izindlela zokuthumela. I-eThekwini Transport Authority ayiphoqelekile ukwamukela ithenda eliphansi kunawo wonke nanoma yiliphi ithenda.

ISIMEMO SEZIPHAKAMISO

UKUQEQESHWA KOMAKHENIKHA BEZINJINI ZIKADIZILI

Ngokuhambisana nomthetho kazwelonke wezokuthuthukiswa kwamakhono kanye nesu likazwelonke lokuthuthukisa amakhono, uMasipala weTheku ususungule uhlelo lokuqeqesha abafundi abangasebenzi abayi-15 ukuba babe ngomakhenikha bezinjini zikadizili. Okuhloswe ukuba kutonyulwe kubona ngabafundi abangasebenzi asebephothulile izifundo zabo zika-N2 zobukhenikha (emkhakheni we-Motor trade noma kaDizili) kepha abangenaso isipiliyoni kulo mkhakha. Ukuze lo msebenzi wenzeke uMasipala weTheku ngaphansi kophiko lakwa-Skills Development kanye nomnyango wakwa Durban Solid Waste bamema abenza umsebenzi wokuqeqesha abanelisa izidingo ezibekiwe ukuba balethe iziphakamiso zabo zokwenza lo msebenzi. Abafaka iziphakamiso kufanele kube ngabantu abane-accreditation egcwele kumbe yesikhashana emkhakheni we-Diesel Mechanics abayithole kwa-MERSETA. UMasipala weTheku angeke uthwale cala ngeziphakamiso ezifike emva kwesikhathi ngenxa yokubambezeleka eposini nezinye izindlela zokuthumela futhi iziphakamiso ezingazanelisi izidingo ezibekiwe ngeke zamukelwe. Umhlangano wabafisa ukuletha iziphakamiso, okuyimpoqo ukuwethamela, uyoba mhlaka 2009-12-10, kusukela ngo-9:00 kuya ku-12:00 emini, kwanombolo 221 Anton Lembede Street, 13th Floor boardroom, eThekwini futhi abafaka ziphakamiso bangase bacelwe ukuba bazokwenza izethulo ezimfushane ezimayelana nokuthi bazowenza kanjani lo msebenzi, njengengxenye yokuhlungwa kweziphakamiso zabo. Imibhalo yaleli thenda, ekhokhelwa idiphozi engeke ibuye engu-R100 ngesheke eliqinisekiswe yibhange noma ngokheshi itholakala kureceptionist, Engineering Unit, 166 KE Masinga (Old Fort) Road, eThekwini, phakathi kuka-8:30 no-16:00 kusukela ngoMsombuluko kuya kuLwesihlanu. Iziphakamiso kufanele zibhalwe ukuthi ziya eThekwini Municipality's Skills Development Unit, zibhalwe ngokucacile ngaphandle ukuthi, "DIESEL MECHANICS APPRENTICESHIP TRAINING" bese zifakwa ebhokisini lamathenda elise-Engineering Unit, 166 KE Masinga (Old Fort) Road, eThekwini (hhayi kunoma yimuphi omunye umnyango kaMasipala), engakadluli u11:00, mhla ka 2010-01-15. Imibuzo ingabhekiswa kuMnu Thomas Mketelwa kule nombolo: (031) 311 3149 noma kuMnu Fana Sithole, kwa-Skills Development, kule nombolo (031) 311 3451/0.

ISAZISO

UKUGUNYAZWA NGOKWEMITHETHO YEZEMVELO KWESIGABA 2-3 SEPHROJEKTHI YOKWAKHIWA KWEZINDLU ENTUZUMA

UMnyango ofanele, wezoLimo, Imvelo Nokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya (DAEARD) weSifundazwe saKwaZulu-Natali usukhiphe igunya ngokwemitheshwana engaphansi koMthetho iNational Environmental Management Act, 1998 (Umthetho No. 107 ka-1998 (NEMA) nemitheshwana ye-Environmental Impact Assessment engaphansi kwawo (Isaziso sikaHulumeni No R. 385 kuya ku-387, 2006), elivumela uMnyango Wezezindlu kaMasipala weTheku ukuba enze lokhu okulandelayo:
• **Okuhlongozwayo ukwakhiwa** kwezindlu ezinengqalasizinda namasevisi emhlabeni obekwe waba yiSigaba 2 no 3 esigcemeni sakwaD eNtuzuma.
• **Lapho ikhona:** Le phrojekthi ingaphakathi endaweni kaMasipala weTheku (North Central Operational Entity), ezungezwe yilokishi laKwaMashu ngasempumalanga, Inanda ngasenyakatho-ntshonalanga naKwaDabeka eningizimu-ntshonalanga. Indawo uqobo lwayo isenyakatho-ntshonalanga yedolobha leTheku.
• **Owafaka isicelo** uMnyango Wezezindlu kaMasipala weTheku. Igunya lakhishwa uMnyango wezoLimo, Imvelo Nokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya mhla ziyi-19 kuNovemba 2009. Ikhophi yalokhu kugunyazwa ngokwemvelo nezizathu zalesi sinqumo iyotholakala uma icelwa. Bonke abanesasasa futhi bethinteka abafisa ukuphikisa lesi sinqumo kumele lokho bakwenze ngokweSahluko 7 semitheshwana yokuhlolwa komthelelela emvelweni. Labo abafisa ukuphikisa kumele babe nolwazi olunzulu nolugcwele lwemitheshwana nenqubo yokuphikisa neyalokho okuyandulelayo.
Lokhu kungafinyezwa kalula kanje:
Isinyathelo 1: Thola amafomu 'eSaziso seNhloso yokuPhikisa' kanye nawokuPhikisa.
Ophikisayo uneshumi lezinsuku kusukela osukwini lwesinqumo zokuletha 'iSaziso seNhloso yokuPhikisa'.
Isinyathelo 2: Ophikisayo kumele aqinisekise ukuthi sisuka kulona siya kulowaya kwababhalisile 'iSaziso seNhloso yokuPhikisa'.
Isinyathelo 3: Ophikisayo unama-30 ezinsuku kusukela osukwini lwesinqumo sokuletha ukuphikisa kwakhe nayo yonke imibhalo emesekayo.
Wonke amafomu nokulethiwe kumele kube ngokusemthethweni kuthunyelwe kuNgqongqoshe wezoLimo, Imvelo Nokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya, ohloniphekile uLydia Johnson, eMnyangweni wezoLimo, Imvelo Nokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya:
MEC's Office:
Postal Address: Private Bag X9059, Pietermaritzburg, 3200
Physical Address: No. 1 Cedara, Executive Building, Cedara College, Pietermaritzburg, 3201
Telephone: 033-343-8240
Fax: 033-343-8255
Satellite Office
Postal Address: P O Box 2132 Durban, 4000
Physical Address: 8th Floor, Truro House, 17 Margaret Mncadi Blvd (Victoria Embankment), Durban, 4001
Telephone: 031-368-2223
Fax: 031-368-1601
Please note a detailed 'Notification of the RoD' and the RoD may be obtained from Earth Consulting.
Proponent and Environmental Assessment Practitioner's Details
Prepared by:
Earth Consulting cc, P O Box 59159, Umbilo
4075, Tel: 031-368-5847
Fax: 086-671-8548
Email: *dmsimon@mweb.co.za*
Prepared for:
eThekwini Municipality Housing Department, 17 Doveside Place, Caneside
Phoenix, 4068
Tel: 031-311-2476
Fax: 031-505-4195
EIA Reference No. DM/0013/09.

ISIMEMO SAMATHENDA

INOMBOLO YETHENDA 1T-4666
Ukwakhiwa kwendawo yokulinda yamatekisi ePhayindane

Kumenywa amathenda omsebenzi wokwakha indawo yokulinda yamatekisi ePhayindane.
Abafaka amathenda kumele kube babhalisile kwa-CIDB esigabeni-4CE/3CE PE noma ngaphezulu, noma bakwazi ukubhalisa ngaphambi kokuhlungwa kwamathenda. Imibhalo yaleli thenda, ekhokhelwa idiphozi engeke ibuye engu-R250 ngesheke elikhokhela uMasipala waseThekwini eliqinisekiswe yibhange noma ngokheshi itholakala ku-Cashier, Ground Floor, Engineering Unit, 166 KE Masinga (Old Fort) Road, eThekwini. Imibuzo, okufanele ibuzwe kusasele isikhathi esingekho ngaphansi kwezinsuku ezintathu kufike usuku lokuvala, ingabhekiswa ku-T.F. Mbeje noma uP.M. Mgobhozi kulezi zinombolo zocingo: 0832725271 noma 0833259694 noma 031-3117357; eyefeksi: 031-3057357; email: *mgobhozip@durbangov.za.*
Umhlangano, okuyimpoqo ukuwethamela, wabafisa ukufaka amathenda okwenza lo msebenzi uzoba mhla ka 2009-12-10, ngo-11:00, erenki yamatekisi ePhayindane, phakathi kuka-Henry Pennington Road noCommercial Road.
Amathenda kumele afakwe ebhokisini lamathenda elise-Ground Floor, Municipal Centre, 166 KE Masinga (Old Fort) Road, eThekwini engakadluli u-11:00, mhla ka 2010-01-15.
Amathenda athunyelwe nge telegram, ucingo, itelex, ngefeksi kanye nafike emuva kwesikhathi angeke amukelwe. Indlela yokuvalwa, ukubhala ikheli, ukuthunyelwa, ukuvulwa kanye nokuhlungwa kwamathenda ichaziwe kwimininingwane yethenda.

TENDER HRE257F

UKUDAYISWA NGETHENDA EVULEKELE UWONKEWONKE KWESIZA ESIKLANYWE NJENGO-SPECIAL RESIDENTIAL ESIKWANOMBOLO 30 SECOND AVENUE, ASHLEY

Ikheli: 30 Second Avenue, Ashley
Incazelo: Portion 1 of Erf 83 Ashley
Inani okuqalwa kulo: R250 000
Ubukhulu: 951m²
Ukuklanywa: Special Residential
Idiphozi: 20% wentengo amabhidi okufanele aqale kuyona (R50 000)
Imibhalo yamathenda itholakala ehhovisi lika-Cashier, Ground Floor, City Engineers' Building, 166 KE Masinga Road (phambilini obewaziwa ngo-Old Fort Road), eThekwini. Qaphela ukuthi ukuhlungwa kwaleli thenda kuzokwenziwa ngokomgomo walo Masipala wokunika amathuba labo abebencishiwe esikhathini esedlule. Abafaka amabhidi kufanele bakhokhe idiphozi engu-10% (wentengo amabhidi okufanele aqale kuyona). Lowo nalowo mqulu wamafomu aleli thenda olandwayo ukhokhelwa imali engeke ibuye engu-R100. Ukubonwa kwalesi siza, okungaphoqelekile ukuba kwenziwe, kuzokwenziwa mhla ka 2009-12-10, kusukela ngo-9:00 kuya ku-12:00. Leli thenda lizovalwa ngo-11:00 ngoLwesihlanu, mhla ka-2010-01-22, okuwusuku amathenda afakiweyo ayovulwa ngalo phambi kwabantu. Eminye imininingwane itholakala kuBraveman Hlubi noma kuDumi Makhetha kulezi zinombolo zocingo 031-311 4374 noma 031-311 4324, ngezikhathi zokusebenza ezejwayelekile.

Dkt. MO Sutcliffe
IMenenja yeDolobha